ukuthi '**Izinqubomgomo Ze-SRD Ye-Covid-19**' kusho Izinqubomgomo ezenziwa ngokwesigaba 32 soMthetho Wosizo Lwezenhlalo, 2004, eziphathelene noSizo Lwezenhlalo Kubantu Abaxakekile Nge-Covid-19 ezishicilelwe kwiGazethi No. 11428 yangomhla zingama-22 Ephreli 2022, Government Notice R. 2042.

ukuthi '**amadokhumenti abalulekile**' kusho amadokhumenti noma ulwazi olubhaliwe olufundekayo noluphelele oludingwa yiSigungu Esizimele ukuze sicubungule futhi sahlulele isikhalo sokubuyekizwa kwesinqumo;

ukuthi '**ukuxhumana ngezobuchwepheshe**' kusho ukuxhumana ngezobuchwepheshe njengoba kuchazwe esigabeni 1 soMthetho Wokuxhumana Nokuhwebelana Ngezobuchwepheshe, 2002(uMthetho No. 25 ka-2002);

ukuthi '**umsebenzi wezempilo**' kusho umsebenzi wezempilo njengoba kuchazwe sigabeni 1 soMthetho Wabasebenzi Bezempilo, 1974 (uMthetho No. 56 ka-1974);

ukuthi '**ummeli**' kusho ummeli njengoba kuchazwe esigabeni 1 soMthetho Wabameli, 2014 (uMthetho No. 28 ka-2014) noma umuntu njengoba kudingidwa kunqubomgomo 6(2) walezi Zinqubomgomo;

ukuthi '**udokotela**' kusho udokotela njengoba kuchazwe esigabeni 1 soMthetho Wabasebenzi Bezempilo, 1974 (uMthetho No. 56 ka-1974);

ukuthi '**uMthetho**' kusho uMthetho Wosizo Lwezenhlalo, 2004 (uMthetho No. 13 ka-2004).

ISAHLUKO 2**Ukufakwa Kwesikhalo Sokubuyekwezwa Kwesinqumo kwiSigungu
Esizimele**

- 2.** Uma umfaki wesicelo noma ozuzayo engalufanelekeli usizo lwezenhlalo ngokwemigomo yoMthetho, i-Ejensi kumelwe, ngokwesigaba 14(3)(b) soMthetho—
- (a) yazise umfaki wesicelo noma ozuzayo, ngokubhala, ngokuxhumana ngezobuchwepheshe noma nganoma iyiphi enye indlela yokuxhumana, ukuthi ingase ifake isikhalo sokubuyekwezwa kwesinqumo kwiSigungu Esizimele phakathi nezinsuku ezingu-90 ngemva kwesinqumo se-Ejensi kanye nezinqubo ezizolandelwa ekufakeni isikhalo sokubuyekwezwa kwesinqumo;
 - (b) lapho umfaki wesicelo noma ozuzayo ebonisa ukuthi ufuna ukufaka isikhalo sokubuyekwezwa kwesinqumo, isize umfaki wesicelo noma ozuzayo ukuba agcwalise iFomu 1;
 - (c) lapho umfaki wesicelo noma ozuzayo ehlulekile ukufaka isikhalo sokubuyekwezwa kwesinqumo phakathi nezinsuku ezingu-90 ngemva kwesinqumo se-Ejensi, isize umfaki wesicelo noma ozuzayo ukuba agcwalise iFomu 2, uma umfaki wesicelo noma ozuzayo efisa ukuqhubeka nesikhalo;
 - (d) lapho umfaki wesicelo noma ozuzayo ebonisa ukuthi ufisa ukufaka isikhalo sokubuyekwezwa kwesinqumo ngokuqondile kwiSigungu Esizimele, angasebenzisi i-Ejensi, inikeze umfaki wesicelo noma ozuzayo amafomu adingekayo neminingwane yokuxhumana yeSigungu Esizimele ukuze umfaki wesicelo noma ozuzayo akwazi ukufaka isikhalo; futhi
 - (e) aqiniseke ukuthi iFomu 1, neFomu 2 uma lisebenza, kanye nawo wonke amadokhumenti abalulekile adingekayo eFomini 1 naseFomini 2, athunyelwe kuSigungu Esizimele phakathi

nezinsuku ezingu-15 kusukela ngosuku lokufakwa kwesikhalo sokubuyekezwa kwesinqumo.

Ukwamukelwa Kweesicelo samadokhumenti abalulekile yiSigungu Esizimele

- 3.** Lapho i-Ejensi ithola isicelo samadokhumenti aalulekile sivela kuSigungu Esizimele, i-Ejensi kumelwe:
- (a) ikhiphe amadokhumenti abalulekile futhi iqiniseke ukuthi wonke amakhodumenti abalulekile ayaskenwa noma kwenziwe amakhophi bese ethunyelwa noma enziwe atholakale ngezobuchwepheshe kwiSigungu Esizimele phakathi nezinsuku ezingu-15 kusukela ngosuku ethole ngalo isicelo; noma
 - (b) lapho amadokhumenti abalulekile engatholakali, yakhe kabusha ifayela lomfaki wesicelo noma ozuzayo futhi iqiniseke ukuthi wonke amadokhumenti abalulekile ayaskenwa noma kwenziwe amaphophi bese ethunyelwa noma enziwe atholakale ngezobuchwepheshe kwiSigungu Esizimele phakathi nezinsuku ezingadluli kwezingu-30 kusukela ngosuku athole ngalo isicelo.

ISAHLUKO 3

UKUKHETHWA NOKWAKHEKA KWESIGUNGU ESIZIMELE

Inqubo Yokukhethwa Kwamalungu Esigungu Esizimele

- 4.** (1) UNgqongqoshe kumelwe akhethe amalungu eSigungu Esizimele, njengoba kudingidwa esigabeni 18(1) soMthetho, ngokushicilela isaziso kwezokuxhumana ezifanele, ameme izicelo ezibhaliwe ezivela kubantu abafanelekayo njengoba kudingidwa kuzinqubomgomo 6, 7 no-8, ukuba bakhethwe njengamalunga eSigungu Esizimele.
- (2) Isaziso okubhekiselwe kusho ngaphansi kwenqubomgomo engaphansi (1) kumelwe sibe –
- (a) nezimfuneko zokukhethwa njengelungu leSigungu Esizimele;
 - (b) nosuku lokuvalwa kwezicelo; kanye

- (c) nosuku okumelwe kuthunyelwe ngalo izicelo.
- (3) UNgqongqoshe kumelwe akhethe iphaneli ezocubungula zonke izicelo okudingidwa ngazo kunqubomgomo engaphansi (1).
- (4) Iphaneli ezokhetha kumelwe ihlanganise uhlu lwabafaki bezicelo abafanelekayo abaqokelwe ukuba bakhethwe njengamalungu eSigungu Esizimele kanye neminingwane yemfundo yabo bese bekuthumela kuNgqongqoshe.
- (5) UNgqongqoshe kumelwe, ngemva kokubonisana nePhalamende, agunyaze ukukhethwa kwabafaki zicelo abaqokiwe njengoba kudingidwa esigabeni 18(1) soMthetho.
- (6) UNgqongqoshe kumelwe, ngemva kokwenza ngokuvumelana nenqubomgomo engaphansi (5), anikeze umfaki wesicelo ngamunye incwadi yokumkhetha ebonisa ngokucacile ukukhethwa kwakhe njengelungu leSigungu Esizimele kanye nesikhathi sobulungu belungu ngalinye lamalungu akhethiwe eSigungu Esizimele.
- (7) UNgqongqoshe angakhetha amalungu amaningi eSigungu Esizimele kangangoba kudingeka.
- (8) Uma uhlu oluhlanganiswe ngokwenqubomgomo engaphansi (4) lungenabo abantu abafaneleka kahle noma lungenaso isibalo esidingekayo sabantu abafaneleka kahle, uNgqongqoshe kumelwe, ngemva kokubonisana nepaneli okubhekiselwe kuyo kunqubomgomo engaphansi (3), ashicilele isaziso njengoba kudingidwa kunqubomgomo engaphansi (1), ameme izicelo ezibhaliwe ezengeziwe.
- (9) Ilungu leSigungu Esizimele lingakhethwa isikhathi esingadluli eminyakeni engu-3 kuye ngokwemibandela enqunywe uNgqongqoshe.
- (10) Ilungu leSigungu Esizimele eseliphelelwe yisikhathi sokukhethwa kwalo, lingase lifaneleke ukuba liphinde likhethwe isikhathi esingadluli eminyakeni engu-3.

Ukwakheka Kwesigungu Esizimele

5. (1) Ukwakheka kweSigungu Esizimele kuzosekelwa ohlotsheni olukhethekile losizo lwezenhlalo oluphathelele nesikhalo sokubuyezwa kwesinqumo esidingidwa esigabeni 18(2) soMthetho.

(2) Lapho impikiswano iphathelene nesihlaziyo sezokwelashwa somfaki wesicelo noma ozuzayo (ukukhubazeka, umuntu onakekelwayo, isibonelelo samaqhawe ezempi noma uxhaso lokulekelela) iSigungu Esizimele sizokwakheka ngale ndlela:

(i) ummeli; kanye

(ii) nodokotela.

(3) Lapho impikiswano iphathelene nosizo lwezenhlalo kubantu abaxakekile okungelona usizo lwezenhlalo kubantu abaxakekile njengoba kudingidwa kunqubomgomo 2(1) weZinqubomgomo Ze-SRD Ye-Covid-19, iSigungu Esizimele sizokwakheka ngale ndlela:

(i) ummeli; kanye

(ii) ilungu lomphakathi.

(4) Lapho impikiswano iphathelene nosizo lwezenhlalo kubantu abaxakekile njengoba kudingidwa kunqubomgomo 2(1) weZinqubomgomo Ze-SRD Ye-Covid-19, iSigungu Esizimele sizokwakhiwa yilungu lomphakathi.

(5) Lapho impikiswano iphathelene nanoma yisiphi esinye isizathu esingashiwongo ngenhla, iSigungu Esizimele sizokwakhiwa ummeli.

Izimfuneko zokukhetha ummeli

- 6.** (1) Ummeli njengoba kudingidwa kuzinqubomgomo 5(2), 5(3) no-5(5) kumelwe kube umuntu:
- (a) eneminyaka okungenani emihlanu yolwazi lwangemva kokwamukelwa njengommeli;
 - (b) onolwazi lwemigomo efanele yoMthetho neZinqubomgomo ezenziwe ngezansi;
 - (c) okukhethwa kwakhe ngeke kwenze kungqubuzane izintshisekelo; futhi
 - (d) ongaqashiwe ngokugcwele uhulumeni noma uMnyango Kahulumeni.
- (2) Ngaphandle kwemigomo yenquo-mgomo engaphansi (1), umuntu angase akhethwe njengommeli weSigungu Esizimele inqobo nje uma lowo muntu:

- (a) eneminyaka okungenani emihlanu yolwazi lokusebenza ngomthetho ngemva kokuthola iziqu; futhi
- (b) ehlangabezana nemfuneko yezinqubomgomo (1)(b)-(d).

Izimfuneko zokukhetha udokotela

- 7.** Udokotela njengoba kudingidwa kunqubomgomo 5(2) kumelwe kube umuntu:
 - (a) obhalisiwe kwi-Health Professions Council of South Africa;
 - (b) oneminyaka okungenani emihlanu ewudokotela ngemva kokuthola iziqu;
 - (c) okungakaze kuhoxiswe ukubhalisa kwakhe kwi-Health Professions Council of South Africa;
 - (d) onolwazi lwemigomo efanele yoMthetho neZinqubomgomo ezenziwe ngezansi;
 - (e) ongaqashiwe ngokugcwele uhulumeni noma uMnyango Kahulumeni; futhi
 - (f) okukhethwa kwakhe ngeke kwenze kungqubuzane izintshisekelo.

Izimfuneko zokukhetha ilungu lomphakathi

- 8.** Ilungu lomphakathi njengoba kudingidwa kuzinqubomgomo 5(3) no-5(4) kumelwe kube umuntu:
 - (a) onemfundo efanele namakhono okunqunywe uNgqongqoshe;
 - (b) onolwazi lwemigomo efanele yoMthetho neZinqubomgomo ezenziwe ngezansi;
 - (c) ongaqashiwe ngokugcwele uhulumeni noma uMnyango Kahulumeni; futhi
 - (d) okukhethwa kwakhe ngeke kwenze kungqubuzane izintshisekelo.

ISAPHLUKO 4
IMISEBENZI YAMALUNGU NAMANDLA ESIGUNGU ESIZIMELE

Imisebenzi yamalungu eSigungu Esizimele

9. (1) Ummeli unemisebenzi elandelayo:

- (a) Ukunquma nokukhipha isinqumo sokuthi kumelwe yini isinqumo se-Ejensi siqinisekiswa, sishintshwe noma singamukelwa ngemva kokubonisana nodokotela njengoba kudingidwa kunqubomgomo engaphansi (2) ngokuphathelene nezikhalo zokubuyezwa kwesinqumo ezidingidwa kunqubomgomo 5(2); noma
- (b) Ukunquma nokukhipha isinqumo sokuthi kumelwe yini isinqumo se-Ejensi siqinisekiswa, sishintshwe noma singamukelwa ngemva kokubonisana nelungu lomphakathi njengoba kudingidwa kunqubomgomo engaphansi (3)(a) ngokuphathelene nesikhalo sokubuyezwa kwesinqumo okubhekiselwe kuso kunqubomgomo 5(3);
- (c) Ukunquma nokukhipha isinqumo sokuthi kumelwe yini isinqumo se-Ejensi siqinisekiswa, sishintshwe noma singamukelwa ngokuphathelene nesikhalo sokubuyezwa kwesinqumo esidingidwa kunqubomgomo 5(5); futhi
- (d) Ukurekhoda, ukugunyaza, nokunikeza izizathu zesinqumo seSigungu Esizimele njengoba kudingidwa ngenhla.

(2) Udokotela unemisebenzi elandelayo:

- (a) Isihlaziyo sazo zonke izici zokwelapha zezikhalo zokubuyezwa kwesinqumo eziphathelene noxhaso oludingidwa kunqubomgomo 5(2);
- (b) Ukwazisa ummeli ngazo zonke izici zokwelapha zezikhalo zokubuyezwa kwesinqumo ezidingidwa kunqubomgomo 5(2) ; kanye
- (c) Nokwenza izincomo ngokuphathelene nezikhalo zokubuyezwa kwesinqumo ezidingidwa kunqubo-mgomo 5(2).

(3) Ilungu lomphakathi linemisebenzi elandelayo:

- (a) Ukwazisa nokwenza izincomo kummeli ngezici zezehlalo nezomnotho zezikhalo zokubuyezwa kwesinqumo ezidingidwa kunqubomgomo 5(3); noma
- (b) Ukunquma nokukhipha isinqumo sokuthi kumelwe yini isinqumo se-Ejensi kube wukuqinisekisa, wukushintsha noma ukubekela eceleni izikhalo zokubuyezwa kwesinqumo njengoba zidingidwa kunqubomgomo 6 weZinqubomgomo Ze-SRD

Ye-Covid-19 ofundwa ndawonye nenqubomgomo 5(4) lwazi Zinqubomgomo; futhi

- (c) Ukurekhoda, ukugunyaza, nokunikeza izizathu zesinqumo seSigungu Esizimele njengoba kudingidwa kunqubomgomo engaphansi (b).

Amandla Esigungu Esizimele

10. (1) Isigungu Esizimele sinamandla-

- (a) okucubungula zonke izicelo zesikhalo zokubuyezwa kwesinqumo esifakwe umfaki wesicelo, ozuzayo, noma umuntu omelela yena ngokwemigomo yesigaba 18(1) soMthetho;
- (b) esimweni lapho sinquma khona isikhalo sokubuyezwa kwesinqumo somfaki wesicelo, ozuzayo noma umuntu omelele yena, futhi singanelisekile ngezizathu ezihlinzekwe umfaki wesicelo, ozuzayo noma umuntu omelele yena, zokucela ulwazi olubhaliwe olwengeziwe olufakazela izizathu zesikhalo esivela kumfaki wesicelo, ozuzayo noma umuntu omelele yena, ukuba sithunyelwe phakathi nezinsuku ezingu-15 kusukela ngosuku lokuthola isicelo somfaki wesicelo, ozuzayo noma umuntu omelele yena;
- (c) uma singanelisekile ngezizathu ezihlinzekwe yi-Ejensi zokwenqaba isicelo sosizo lwezenhlalo, noma ngezizathu zokumiswa, ukwenza luphelelwe isikhathi noma lukhanselwe usizo lwezenhlalo, sicele i-Ejensi ukuba ihlinzeke ngezizathu ezibhaliwe ezengeziwe zesinqumo sayo;
- (d) ukuba sinikeze iziqondiso kunoma yimuphi umuntu oneqhaza esikhalweni sokubuyezwa kwesinqumo ngokuphathelene nanoma iyiphi indaba esesifundeni saso ngokuphathelene naleso sikhalo sokubuyezwa kwesinqumo;
- (e) noma nini, ukuba sicele noma yimuphi umuntu noma isikhungo ukuze silethe noma yiluphi ulwazi olubhaliwe oludingekile ekunqumeni ngesikhalo sokubuyezwa kwesinqumo;
- (f) ukuba sidlulisele umfaki wesicelo noma ozuzayo ukuba athole ukuxilongwa noma umbono wezokwelapha wesibili nozimele ngokwenqubomgomo 16(1); futhi
- (g) sidlulisele ukulalela ukucutshungulwa kwesikhalo sokubuyezwa kwesinqumo kolunye usuku esingalunquma ngokwenqubomgomo 14(2).

(2) Isikhathi esiyizinsuku ezingu-90 okubhekiselwe kuso kunqubomgomo 14(2) sizophazanyiswa yisikhathi esiyizinsuku ezingu-15 okubhekiselwe kuso kunqubomgomo engaphansi (1)(b); isikhathi esiyizinsuku ezingu-30 okubhekiselwe kuso kunqubomgomo (16)(2)(b); noma yisikhathi esiyizinsuku ezingu-15 okubhekiselwe kuso kunqubomgomo 16(4).

(3) ISigungu Esizimele lapho sithola izizathu njengoba kudingidwa kunqubo-mgomo engaphansi (1)(b) no-(c), ulwazi okubhekiselwe kulo kunqubomgomo engaphansi (1)(e) noma umbiko wokuxilongwa odingidwa kunqubomgomo (16)(2)(c) futhi ngemva kokucabangela isikhalo sokubuyezwa kwesinqumo, singaqinisekisa, sishintshe, noma singasamukeli lesi sinqumo, noma senze noma yisiphi esinye isinqumo esifanele.

Ukuziphatha okuhle kwamalungu eSigungu Esizimele

11. (1) Wonke amalungu eSigungu Esizimele kumelwe, lapho enza imisebenzi yawo-

- (a) azigcine enezinga eliphakeme lobuqotho;
- (b) ahloniphe ubumfihlo bemininingwane yabo bonke abantu abaneqhaza esikhaweni sokubuyezwa kwesinqumo;
- (c) agcine amazinga amukelekayo okusebenza okusezingeni eliphakeme nezinkambiso ezilungile; futhi
- (d) azihoxise lapho kunokungqubuzana kwezintshisekelo.

(2) Esimweni lapho ilungu leSigungu Esizimele liyilungu lenhlangano yomsebenzi othile kumelwe ligcine izimiso zenkambiso elungile ezisebenza kumalungu aleyo nhlangano.

ISAHLUKO 5

UKUFAKA ISIKHALO SOKUBUYEKEZWA KWESINQUMO NOKUXOLELA

Ukufaka isikhalo sokubuyezwa kwesinqumo

12. (1) Umfaki wesicelo, ozuzayo noma umuntu omelele yena, ovumelanayo nesinqumo se-Ejensi futhi ofisa ukufaka isikhalo sokubuyezwa kwesinqumo ngaleso sinqumo, kumelwe afake isikhalo ngokwemigomo yesigaba

18(2) soMthetho weSigungu Esizimele, ngefomu elifanayo neFomu 1 elikuSithasiselo salezi Zinqubomgomo.

(2) Isikhalo sokubuyezwa kwesinqumo esidingidwa kunqubomgomo engaphansi (1):

- (a) kumelwe sifakwe kuSigungu Esizimele;
- (b) singase sihanjiswe ngesandla, noma ngokuxhumana ngezobuchwepheshe noma nganoma iyiphi enye indlela yokuxhumana; futhi
- (c) kumelwe sihambisane:
 - (i) nekhophi kamazisi womfaki wesicelo noma ozuzayo; futhi
 - (ii) ikhophi yesinqumo esikhishwe yi-Ejensi ngokuphathelene nesicelo soxhaso lomfaki wesicelo noma isibuyezeko soxhaso lozuzayo.

(3) Lapho efaka isikhalo sokubuyezwa kwesinqumo esidingidwa kunqubomgomo engaphansi (1) umfaki wesicelo, ozuzayo noma umuntu omelele yena akumelwe avunyelwe ukuba athumele noma yibuphi ubufakazi noma ulwazi olwalungahlinzekwanga noma lwanikezwa i-Ejensi ngesikhathi sokufaka isicelo sosizo lwezenhlalo.

Ukuxolela kokufakwa kwesikhalo sokubuyezwa kwesinqumo sekudlule isikhathi

13. (1) ISigungu Esizimele singase, lapho kufakwa isicelo futhi ngezinhloso ezinhle eziboniswe abantu abadingidwa kunqubomgomo 12(1), sisivumele isicelo sokubuyezwa kwesinqumo esifakwe ngemva kwezinsuku ezingu-90.

(2) Lapho siquma ukuthi zibonisiwe yini izinhloso ezinhle ukuze kuvunyelwe isicelo sesikhalo sokubuyezwa kwesinqumo esifakwe sekwephuzile, iSigungu Esizimele kumelwe sibhekisise izinto ezilandelayo:

- (a) isizathu nesikhathi esesidlulile;
- (b) ukuthi kuwubulungisa yini ukusivumela; futhi
- (c) ukuthi akhona yini amathemba okuthi singaphumelela.

(3) Umfaki wesicelo odingidwa kunqubomgomo engaphansi (1) kumelwe ibe sefomini elifanayo neFomu 2 elikuSithasiselo salezi Zinqubomgomo.

ISAPHLUKO 6**UKUCATSHANGELWA KWESIKHALO SOKUBUYEKEZWA KWESINQUMO**

- 14.** (1) Kumelwe kwenziwe isinqumo ngesikhalo sokubuyezwa kwesinqumo esidingidwa kunqubomgomo 12(1):
- (a) uma engekho umfaki wesicelo, ozuzayo noma umuntu omelele yena; futhi
 - (b) ngokucabangela ubufakazi obubhaliwe obuthunyelwe yi-Ejensi nomfaki wesikhalo, ozuzayo noma umuntu omelele yena noma otholwe iSigungu Esizimele ngokwenqubomgomo 10, uma kusebenza.
- (2) Isikhalo sokubuyezwa kwesinqumo kumelwe, kuxhomeke kuzinqubomgomo 17(4), 10(1)(b) noma 16(4), siphothulwe phakathi nezinsuku ezingu-90 kusukela ngosuku isikhalo esatholwa ngalo iSigungu Esizimele.

Isinqumo seSigungu Esizimele

- 15.** ISigungu Esizimele kumelwe, ngemva kokuba sesihlole amadokhumenti adingidwa kunqubomgomo 14(1)(b) nakwiFomu 1 kulezi Zinqubomgomo senze ngokwenqubomgomo 10(3).

Ukuxilongwa udokotela komfaki wesikhalo noma ozuzayo

- 16.** (1) ISigungu Esizimele singase, lapho singenakusenza isinqumo ngokombiko wezokwelapha okhona ohlinzekwe yi-Ejensi, sidlulisele umfaki wesicelo noma ozuzayo ukuba ayoxilongwa ngokwengeziwe, omunye udokotela noma umsebenzi wezempilo osebenzela uhulumeni.
- (2) Lapho umfaki wesicelo noma ozuzayo edluliselwa ukua axilongwe njengoba kudingidwa kunqubomgomo engaphansi (1), iSigungu Esizimele kumelwe sazise umfaki wesicelo, ozuzayo noma umuntu omelele yena, ngokubhala phansi:
- (a) izizathu zokudlulisela;

- (b) ukuthi umbiko wokuxilongwa odingidwa kunqubomgomo engaphansi (1) kumelwe utholakale phakathi nezinsuku ezingu-30; futhi
- (c) ukuthi umbiko wokuxilongwa odingidwa kunqubomgomo engaphansi (1) kumelwe uthunyelwe kwiSigungu Esizimele, phakathi nezinsuku ezingu-15 ngemva kokuwuthola.
- (3) ISigungu Esizimele kumelwe, lapho sithola umbiko wokuxilongwa odingidwa kunqubomgomo (2)(c) sicubungula isikhalo sokubuyezwa kwesinqumo futhi senze ngokwenqubomgomo 10(3).
- (4) Lapho umfaki wesicelo, noma ozuzayo ehluleka ukuthumela umbiko odingekayo wokuxilongwa odingidwa kunqubomgomo engaphansi (2)(b) phakathi nezinsuku ezingu-15 ezidingidwa kunqubomgomo engaphansi (2)(c), iSigungu Esizimele singase siqhubeke nokunquma ngesikhalo sokubuyezwa kwesinqumo ungekho umbiko wokuxilongwa.

ISAPHLUKO 7

UKUPHATHWA KWEZIKHALO SOKUBUYEKEZWA KWESINQUMO

Ukwamukelwa, isaziso sokukwamukela nokucelwa kolwazi olwengeziwe

- 17.** (1) ISigungu Esizimele sinemithwalo elandelayo:
- (a) ukwamukela izikhalo sokubuyezwa kwesinqumo;
- (b) phakathi nezinsuku ezingu-7 kusukela samukele isikhalo sokubuyezwa kwesinqumo, sazise ukuthi isamukele;
- (c) silungiselele amafayela okwenza isinqumo ngezikhalo zokubuyezwa kwesinqumo ngokuqinisekisa ukuthi wonke amadokhumenti afanele nasekelayo angase adingeke ngokuphathelene noxhaso lwezenhlalo afakiwe kulawo mafayela; futhi
- (d) sihlaziye ukunemba, ukusebenza, nokwethembeka kwamadokhumenti asekelayo.
- (2) ISigungu Esizimele singase sicele i-Ejensi ukuba ihlinzeke nganoma iyiphi idokhumenti okubhekiselwe kuyo kunqubomgomo 10(1)(c) noma (e).

(3) ISigungu Esizimele singase sicele umfaki wesicelo, ozuzayo noma umuntu omelele yena ukuba ahlinzeke nganoma yimaphi amadokhumenti asasele okubhekiselwe kuwo kuFomu 1, phakathi nezinsuku ezingu-15 kusukela osukwini lwesicelo.

(4) Isikhalo sokubuyezwa kwesinqumo kumelwe sibhekwe kuphela njengesifakiwe lapho sekwamukelwe wonke amadokhumenti okubhekiselwe kuwo kunqubomgomo 12(2)(c).

(5) Lapho, kuyisikhalo sokubuyezwa kwesinqumo esimayelana noxhaso olumayelana nezokwelapha, i-Ejensi ihluleka noma ingenakukwazi ngasizathu simbe ukuhlinzeka iSigungu Esizimele amarekhodi afanele adingekayo ekwenzeni isinqumo ngaleso sikhalo sokubuyezwa kwesinqumo phakathi nezinsuku ezingu-30 adingidwa kunqubomgomo 3(b), iSigungu Esizimele singase sinikeze i-Ejensi isiqondiso sokuba siphinde senze isihlaziyo sezokwelapha somfaki wesikhalo noma ozuzayo bese ithumela lowo mbiko waleso sihlaziyo phakathi nezinsuku ezingu-30 kusukela osukwini lokunikezwa kwe-Ejensi lesi siqondiso.

(6) Isigungu Esizimele kumelwe lapho sithola wonke amadokhumenti okubhekiselwe kuwo kunqubomgomo (3), sazise ukuthi uwatholile, phakathi nezinsuku ezingu-7 ngemva siwatholile.

Ukwazisa ngesinqumo

18. (1) ISigungu Esizimele kumelwe, kuxhomeke kunqubomgomo (2) bazise umfaki wesicelo, ozuzayo noma umuntu omelele yena kanye ne-Ejensi ngesinqumo nezizathu zaso ngokuphathelene nesikhalo sokubuyezwa kwesinqumo.

(2) Ukwazisa ngesinqumo kumelwe kuthunyelwe kumfaki wesicelo, ozuzayo noma umuntu omelele yena ngendlela yokuxhumana eshiwo umfaki wesicelo, ozuzayo noma umuntu omelele yena esicelweni sesikhalo sokubuyezwa kwesinqumo, noma nganoma iyiphi enye indlela yokuxhumana kubandakanya nokuxhumana ngezobuchwepheshe njengoba kunqunywe iSigungu Esizimele.

(3) Lapho isinqumo seSigungu Esizimele esidingidwa kunqubomgomo (1), i-Ejensi kumelwe yenze ngokwaleso sinqumo phakathi nezinsuku ezingu-30 isitholile.

Isicelo esingesona isikhalo sokubuyezwa kwesinqumo

19. (1) ISigungu Esizimele kumelwe, lapho sithola isicelo esingesona esikhalo sokubuyezwa kwesinqumo njengoba sidingidwa esigabeni 18(2) soMthetho esifundwa nenqubomgomo 12, sazise umfaki wesicelo, ozuzayo noma umuntu omelele yena, ngokubhala phansi, ukuthi leso sicelo asisona esikhalo sokubuyezwa kwesinqumo kanye nezizathu zalokho.

(2) ISigungu Esizimele ngeke sibe nesibopho sokucabangela isicelo njengoba kudingidwa kunqubomgomo (1):

(a) uma isicelo singahambisani nawo wonke amadokhumenti adingwa yinqubomgomo 12(2)(c); noma

(b) uma leso sicelo siyisicelo esidingidwa kunqubomgomo (1).

Ukuxoxiswa kwesikhalo sokubuyezwa kwesinqumo

20. Umfaki wesicelo, ozuzayo noma umuntu omelele yena angase, ngesaziso esibhaliwe, noma nini ngaphambi kokuba iSigungu Esizimele siphothule isikhalo sokubuyezwa kwesinqumo, ahoxise leso sikhalo sokubuyezwa kwesinqumo.

Ukugcinwa kwamarekhodi

21. (1) Ikhophi yamadokhumenti esikhalo sokubuyezwa kwesinqumo, kubandakanya nesaziso sesinqumo, irekhodi yezinqubo namakhophi efayela le-Ejensi kumelwe kugcinwe yiSigungu Esizimele iminyaka engu-5 kusukela ngosuku lokwaziswa ngomphumela wesikhalo.

(2) ISigungu Esizimele yiso esigcina wonke amadokhumenti esikhalo sokubuyezwa kwesinqumo.

Ububanzi Nesicelo Sezikhalo Zosizo Lwezenhlalo Kubantu Abaxakekile Nge-Covid-19

22. Naphezu kwalezi Zinqubomgomo, zonke izikhalo zokubuyekezwa kwesinqumo ezidingidwa kunqubomgomo 6 yeZinqubomgomo Ze-SRD Ye-Covid-19, kumelwe zifakwe futhi zicatshangelwe, kuxhomeke kwinqubomgomo 5(4) nezinqubomgomo 9(3)(b) no-(c) zalezi Zinqubomgomo, ngokweZinqubomgomo Ze-SRD Ye-Covid-19.

Ukucishwa Komthetho

23. IZinqubo-mgomo ezishicilelwe ngaphansi kwe-GN R746 kwi-Gazethi 34618 ka-19 Septemba 2011 seziyachibiyelwa.

Ukuqala

24. Lezi Zinqubo-mgomo zizoqala ukusebenza ngosuku lokushicilelwa kwalesi saziso kwiGazethi.

ISITHASISELO**IFOMU 1****UKUFAKA ISIKHALO SOKUBUYEKEZWA KWESINQUMO****(Inqubomgomo 12(1))****Isigaba 18 soMthetho Wosizo Lwezenhlalo, 2004 (uMthetho No. 13 ka-2004)****Okokusetshenziswa ehhovisi kuphela:****Isifunda: Ihovisi Lendawo:****A. IMINININGWANE YOMFAKI WESICELO NOMA OZUZAYO**

Isibongo:	Amagama Aphelele:		
Inombolo Ye-ID:	Ubuzwe:	Ubulili: M	F
INo Yocingo:	Ifeksi:	I-imeyili:	Ino Yeselula:
Ikheli Lendlu			
Ikheli Leposi			

B. IMINININGWANE YESICELO SOXHASO NOMA YESIBUYEKEZO SOXHASO

I-Ofisi Le-Ejensi (SASSA):							
Usuku Lwesicelo noma Lokubuyekeza:				Usuku Lokwenqaba:			
Uhlobo Loxhaso (Phawula ngo-'X')							
Ukukhubazeka	Abantu Abadala'	Iqhawe Lezempi	Ingane Yokutholwa	Umuntu onakekelwayo	Uxhaso Lwengane	Uxhaso Lokulekelela	Usizo Lwezenhlalo Kubantu Abaxakile

C. IZIZATHU ZESIKHALO SOKUBUYEKEZWA KWESINQUMO

Izizathu zokuba ungavumelani nesinqumo se-Ejensi: (Uma isikhala esihlinzekiwe singanele, sicela ufake ikhasi elihlukile kuleli fomu bese ubonisa ngokucacile ukuthi kunekhasi (kunamakhasi) elifakiwe).

.....

.....

.....

.....

D. AMADOKHUMENTI OKUMELWE AHAMBISANE NESIKHALO SOKUBUYEKEZWA KWESINQUMO

Nekhophi kamazisi womfaki wesicelo noma ozuzayo.

Ikhophi yesinqumo esikhishwe yi-Ejensi ngokuphathelene nesicelo soxhaso lomfaki wesicelo noma isibuyekezo soxhaso lozuzayo.

Imibiko yezokwelapha yangaphambili neyamanje eyanikezwa i-Ejensi (uma itholakala);

Igama lesibhedlela/lomtholampilo ovame ukuya kuso.

Ubufakazi beholo kanye/noma izimpahla: Yebo Cha N/A

Uma umuntu efakela ozuzayo noma umfaki wesicelo isikhalo sokubuyekezwa kwesinqumo, ikhophi yencwadi emgunyazayo noma ubufakazi bokuqokwa kwakhe umfaki wesicelo noma ozuzayo ukuba ammelele.

Noma yimaphi amanye amadokhumenti asekelayo (yisho ukuthi luhlobo luni lwamadokhumenti).

E. IMINININGWANE YOMMELELI

Igama Nesibongo:			
Igama Lenhlangano/Lefemu (lapho kusebenza):			
Inombolo Ye-ID:			
INo Yocingo:	INo Ye-Fax:	Ino Yeselula:	Ikheli le-imeyili:

Isignesha yomfaki wesicelo/yozuzayo/yommeleli

Usuku:

Indawo:

F. IMVUME

Nginikeza imvume ngokwemigomo yesigaba 13 nesigaba 20 soMthetho Wokuvikelwa Kwemininingwane Yomuntu, 2013 (uMthetho No. 4 ka-2013) yokuthi iSigungu Esizimele Sezikhalo Zosizo Lwezenhlalo singacela imininingwane kumuntu / enhlanganweni oludingekayo ukuze kunqunywe ngesikhalo sokubuyekezwa kwesinqumo

Isignesha yomfaki wesicelo/yozuzayo/yommeleli

Usuku:

Indawo:

ISITEMBU ESISEMTHETHWENI ESINOSUKU ESIFIKE NGALO:

IFOMU 2**ISICELO SOKWAMUKELWA KWESIKHALO SOKUBUYEKEZWA****KWESINQUMO ESIFIKE SEKWEPHUZILE****(Inqubomgomo 13(3))****Isigaba 18 soMthetho Wosizo Lwezenhlalo, 2004 (uMthetho No. 13 ka-2004)**

A. IMINININGWANE YOMFAKI WESICELO NOMA OZUZAYO			
Isibongo:	Amagama Aphelele:		
Inombolo Ye-ID:	Ubuzwe:	Ubulili: M	F
INo Yocingo:	Ifeksi:	I-imeyili:	Ino Yeselula:
Ikheli Lendlu			
Ikheli Leposi			

B. IZIZATHU ZOKUFAKWA KWESIKHALO SOKUBUYEKEZWA KWESINQUMO SEKWEPHUZILE
<p>Izizathu zokufaka isicelo sokwamukelwa kwesicelo esephuzile okubhekiselwe kuso kunqubomgomo 13(2):</p> <p>.....</p> <p>.....</p> <p>.....</p> <p>.....</p> <p>.....</p> <p>.....</p> <p>.....</p> <p>.....</p> <p>(Uma isikhala esihlinzekiwe singanele, sicela ufake ikhasi elihlukile kuleli fomu bese ubonisa ngokucacile ukuthi kunekhasi (kunamakhasi) elifakiwe).</p>

C. AMADOKHUMENTI OKUMELWE AHAMBISANE NESICELO ESEPHUZILE
IFOMU 1 (Isicelo Sesikhalo Sokubuyezwa Kwesinqumo)